# IBUKEZIWE: KUGASELWE EMAGCEKENI KANKSZ MKHIZE KUYOPHENYWA KUQOQWE NOBUFAKAZI BOBUGEBENGU

**Tshwane, 26 kuLwezi 2024 — UPhiko** Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (u-SARS) lunentokozo yokumemezela ngezakamuva ezisemqoka emizamweni yethu yokulwa nokugwenywa kwentela nezenzo zobugebengu okubukela phansi umnotho wezwe. Umnyango wendawo KwaZulu Natali ngaphansi kweNkantolo ePhakeme e-Durban ukhiphe umyalelokumisa nemvume yokuphenya kuqoqwe nobufakazi bobugebengu ecaleni elithinta uKhomishana wakwa-SARS ebhekene no-Shauwn Mkhize nabanye.

Lesi sinqumo siyisinyathelo esisemqoka kuqhinganhloso lakwa-SARS lokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kubakhokhintela abakhetha ukuzibandakanya ngokuthanda nangenhloso ezenzweni zobugebengu. Eminyakeni embalwa edlule, u-SARS ubulokhu uphenya imboni yezokwakha ukuze izothobela imithetho yentela.

U-SARS uphoqelela ukuhlinzekelwa okuseMthethweni wokuLawulwa kweNtela Nombolo 28 kowezi-2011, ugxile kakhulukazi kusigaba sama-163, ngokumiswa nokuvikelwa kwempahla. Lokhu kuphoqelela kungesinye sezinyathelo eziningi u-SARS azithathile ngokubambisana noMnyango wamaPhoyisa eNingizimu Afrika kanye noMnyango woPhenyo Lwamacala Obugebengu Aseqhulwini (ama-Hawks), ukuze sigcine isithunzi sohlelo lwethu lwentela.

Imiyalelo itholelwe ukugwema ukuchithwa kwempahlanguqulelwa emalini, okungase kuvimbe ukuqoqwa kwezintela, nokuvikela ubufakazi obungase bube khona bokungathobeli ngemithetho yentela elawulwa uKhomishana wakwa-SARS.

UKhomishana wakwa-SARS, u-Edward Kieswetter, uzwakalise ukubonga okukhulu kuma-ejensi okuphoqelelwa komthetho — uMnyango wamaPhoyisa eNingizimu Afrika, ama-Hawks, kanye namalungu akwa-SARS — ngokusebenza ngokubambisana okuyikho okwenze lo msebenzi waba yimpumelelo ngaphansi kwezimo ezinzima.

UKhomishana uthe u-SARS angeke uguqe ekwenzeni umyalelo wawo ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela, noma ngaphandle kokucwasa, noma ngabe umuntu unasikhundla sini ephakathini. Akekho ongaphezulu komthetho; ngakho-ke kusemqoka kakhulu ukuba u-SARS wenze ngokugcizelela ukuqinisekisa ukuthi bonke abantu bayahlangabezana nezibophezelo zabo ngokomthetho. Umsebenzi wanamuhla wokuphenya ngenhloso yokuthola ubufakazi bobugebengu kumele udlulise umyalezo ocacile kubo bonke abantu wokuthi ama-ejensi okuphoqelelwa komthetho azothatha izinyathelo ukunqanda ukungathotshelwa komthetho. Labo abasengcupheni emiphakathini yethu, abadala, nezingane bathembele ezinteleni zombuso ukuze kunciphe futhi kuliwe nobumpofu, ukuntuleka kwemisebenzi, kanye nendlala. Noma yikuphi ukwephula umthetho ngamabomu kuyonqandwa.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane no-SARS ku SARSMedia@sars.gov.za.